# UKhomishana u-Edward Kieswetter uqokwe njengePhini likaSihlalo weNkundla i-OECD mayelana Nokulawulwa Kwentela (i-FTA)

**Athens, 15 kuLwezi 2024 –** UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS), uMnu. Edward Kieswetter waqokwa njengePhini likaSihlalo weNkundla i-OECD mayelana Nokulawulwa Kwentela. Lokhu kumenyezelwe ngesikhathi somhlangano i-17th FTA Plenary obubanjelwe e-Athens Greece kusukela mhla ziyi-13 kuya kumhla ziyi-15 kuLwezi 2024. UKhomishana u-Kieswetter ujoyina uMnu. Bob Hamilton, uKhomishana we-Canadian Revenue Agency nowuSihlalo we-FTA, kanye noNks. Nina Schanke Funnemark, uMqondisi-Jikelele we-Norwegian Tax Administration naye oyiPhini likaSihlalo we-FTA. I-Bureau ehlukahlukene ihlanganyela noSihlalo namaPhini oSihlalo ekubekeni isiqondiso somsebenizi we-FTA weminyaka emibili ezayo. Ukuphakanyiswa kukaKhomishana u-Kieswetter kubeka iNingizimu Afrika endimeni ekahle ngaphakathi kuNkundla i-OECD Mayelana Nokulawulwa Kwentela (i-FTA) ukuze athonye i-Bureau ukuba yenze lokhu okuzosiza amazwe asathuthuka.

Ekuqokweni kwakhe, uKhomishana u-Kieswetter ugcizelele ubumqoka bokubamba iqhaza kweNingizimu Afrika ezingxoxweni zentela emhlabeni: "*U-SARS ulokhu ubambalele ekufinyeleleni kunhlososu yawo yokuthuthukisa nokuphatha uhlelo lwentela nokulawulwa kwempahla emngceleni okusekelwe ekuthobeleni ngokuzithandela, kuthi lapho kufanele khona, uphoqelele isibophezelo zokuthobela futhi ukwenze lokhu ngokuzimisela. Iqhinganhloso lakwa-SARS lesekwe yizimpokophelo zenhloso eziyisishiyagalolunye. Okuphkophelwe Ngenhloso kwesi-8 "Ukusebenzisana nokusebenza ngababambiqhaza ukuthuthukisa uhlelokusebenza lwentela". UKhomishana u-Kieswetter uphinde wenaba kanje: "Ukubamba kwethu iqhaza ezinkundleni zamazwe omhlaba kuveza ubumqoka kokusebenzisana ngokubambisana okusebenzayo nobuwusizo, kubandakanya izinkundla ezifana ne-FTA. Ubungcuphe kwezentela abupheleli kuphela emingceleni kazwelonke. Ubungcuphe kwezentela noma kuphi emhlabeni, ubungcuphe bezentela yonke indawo emhlabeni. Alikho izwe eliyisiqhingi uma kuza ezimalini zombuso. U-SARS ungasebenza kahle nangempumelelo uma singagcina ukuxhumana okuqinile namazwe omhlaba kanjalo nokusebenzisana okuzokwenza kube nokusebenza ngokubambisana ezindabeni zentela ngapheseya kwemingcele nokuzothuthukisa ukuthobela imigomo yentela ngokuzithandela. Lokhu kunegalelo embonweni wethu wokwakha ukulawulwa kwentela okunobuhlakani futhi besimanje okungathenjwa futhi kunconywe kanjalo nokubamba kwethu iqhaza ku-FTA, inkundla ehamba phambili yokulawulwa kwentela isemqoka ekwenzeni umbono wethu ube yimumelelo*."

I-FTA yasungulwakowezi-2002 kanti manje ihlanganisa okhomishana bentela nezisebenzi zokulawulwa kwentela zamazwe angama-50. I-FTA ihlukile ngokuthi iyona nkundla enkulu i-Head of Tax Administration-level Forum eqinisa ongoti nesipiliyoni samalunga aso ukwabelana ngolwazi, ukwenza uphenyo ngezindaba ezisithinta sonke nokusungula amasu amasha nezindlela zokuthuthukisa ukulawulwa kwentela emhlabeni wonke ngobuholi, ukwabelana ngolwazi lwezindlela zokusebenza kanjalo nokuthuthukiswa kwezinto ezisebenzisekayo.

I-Athens Plenary iqala ngaphansi kwesiqubulo “Ukuguqulwa kokulawulwa kwentela”. “*Ukuguqulwa kokulawulwa kwentela kuya kuba semqoka kakhulu ekutholeni izinsiza kuleli (i-DRM) kanye nokufinyelela kokuhlosiwe i-United Nations Sustainable Development Goals (SDGs). Kakhulukazi, i-DRM esebenzayo ngokutheliswa isemqoka ekwesekeni utshalomali emphakathini kungqalasizinda, ezemfundo, nokunakekelwa kwezempilo, okuyizinto ezisemqoka ekufinyeleleni ku-SDG. Ukutheliswa iyona ndlela esimeme nesikwaziyo ukuqagula ngayo umthombo wezimali zikahulumeni, ikakhulukazi emazweni asathuthuka*”, kusho uKhomishana u-Kieswetter ngenkathi eqala isethulo sakhe emhlanganweni.

Amanxusa ku-Athens Plenary akhulume ngezinkinga zokulawulwa kwentela kuzo okufaka phakathi kokunye, ukuguqulwa kokulawulwa kwentela, izinselelo zokuphatha namathuba, ukuguqulwa kwedijithali ukuze sikwazi ukwenza izinqubo ngendlela engemazihibe futhi zenzeke ngendlela esondele esikhathini sangaleso sikhathi, isiqinisekiso sentela, ukuqaliswa kokusetshenziswa kwe-Global Minimum Tax nokwakha amandla okulawula izindaba zentela. Emhlanganweni wokubonisana kuphinde kwethulwa indlela ye-FTA ebizwa nge-*Gender Balance Maturity Model*.

Emva kokudlinza ngezingxoxo esibenazo ezinsukwini ezintathu enkundleni, uKhomishana u-Kieswetter uthe “Siphila ezweni elilokhu liqhubeka nokuba yinkimbinkimbi lapho okumele ukulawulwa kwentela kumele kwenze ngokomyalelo wokuthola izinsiza kuleli. Sibona ukwanda kobugebengu bentela nezimali okungadali nje kuphela ukuvuza kwemali eqoqwayo kodwa kuphinde kunciphise ubumbano lomphakathi. *Sizinikele ekwakheni uhlelo lokulawula ezentela ngobuhlakani beesimanje nokulawulwa kwempahla emngceleni. Ngaphandle kuka-SARS osebenza kahle, uhulumeni wethu wentando yeningi angeke uthole ukuxhaseka ngezimali*”

**Ikhonco: FTA Plenary 2024 – Statement of Outcomes:**
https://www.oecd.org/content/dam/oecd/en/topics/policy-issues/tax-administration/outcome-statement-2024-fta-plenary-meeting.pdf